**HILLCREST HIGH SCHOOL**
**UKUHLOLWA KWETHRAYELI/AGASTI-SEPTHEMBA 2013**
**ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZELELA**
**IBANG A LESHUMINAMBILI(Grade 12)**

**IPHEPHA LOKUQALA(PAPER 1)**
**NON MOTHER TONGUE SPEAKERS ONLY**

**AMAMAKI:80** **ISIKHATHI:2 AMAHORA**

## IMIYALELO KOHLOLWAYO

- Funda **lonke** iphepha ngaphambi kokuba uphendule imibuzo.
- Phendula **yonke** imibuzo ekuleli phepha.
- Landela yonke imiyalelo njengoba iyinikiwe embuzweni ngamunye.
- Bhala isiZulu esihle nopelomagama olwamukelekile.
- Bhala umsebenzi ohlanzekile.

1.1.Ubani igama nesibongo sentatheli ebhale lo mbiko? (2)
1.2. Uphume kuliphi iphephandaba lo mbiko? (1)
1.3. Yini igama lesibhedlela sezingane esisanda kuvulwa eThekwini? (1)
1.4. Unasikhundla(position)sini udokotela Arthi Ramkissoon kulesi sibhedlela? (1)
1.5.Sasiqale ngamuphi unyaka ukusebenza lesi sibhedlela? (1)
1.6. Sizathu sini esenza lesi sibhedlela sivalwe? (2)
1.7.Kuzodinga malini ukwakha kabusha lesi sibhedlela? (1)
1.8.Yini igama lesibhedlela sezingane ekade saba khona lapha eMzansi? (1)
1.9.Uma isibhedlela saqala ukusebenza ngo 1931, sineminyaka emingaki manje? Kukhombise ngesibalo lokhu. (3)
1.10.Ubani igama nesibongo somuntu ovule lesi sibhedlela? (2)
1.11.Lesi sibhedlela esisha sizokwelaphani? (1)
1.12.Phendula ngokuthi **YIQINISO** noma **YIPHUTHA**
1.12.1.IPhoyinti iseThekwini ngasolwandle. (1)
1.12.2.Kudingeka izigidi ezingamakhulu amathathu ukwakha lesi sibhedlela. (1)
1.12.3.IRed Cross childrens hospital isesifundazweni saseLimpopo. (1)
1.12.4.UDr. Sibongiseni Dhlomo unguNgqongqoshe wezolimo kwaZulu -Natali. (1)

**[20]**

2.Bukisisa lesi sikhangiso bese uphendula imibuzo ngemisho ephelele.



2.1.Isikhangiso sani lesi ? (1)
2.2.Yini inhloso (aim) yokudlala lo mdlalo? (2)
2.3.Yimaphi amaqembu azodlala ngokwalesi sikhangiso?Bhala ngokugcwele(full). (2)
2.4. Iqembu IM.C.F.C lingelakuliphi izwe? (1)
2.5. Lo mdlalo uzobe uzodlalela kusiphi isifundazwe(province) (1)
2.6. Amathikithi alo mdlalo atholakalaphi? (1)
2.7. Liyimalini ithikithi elibiza kunawo wonke? (1)
2.8. Usuku lomhla ziyi-18 lubizwa ngani emhlabeni wonke jikelele? (1)
2.9. Kungani lolu suku lomhla ziyi-18kuJulayi lubizwa kanjengoba ushilo ku 2.8.? (2)
2.10.Umdlalo uzoqala ngasikhathisini?Bhala isikhathi ngesiZulu (2)
2.11.Lithini ikheli le-imeyili emayelana namagumbi akhethekile? (1)

**[15]**

## ISIQEPHU B: UKUFINGQA

3.Fundisisa le ndaba engezansi bese uyifingqa ngamagama akho angama-30.

# Umfundi (8) upitshizwe yiloli likamoba washona

**NQOBIZIZWE ZWANE**

SIVULWE ngezinyembezi isikole samabanga aphansi iMhlathuze Primary endaweni yaseMabuyeni, eSikhawini, ngesikhathi umfundi wakulesi sikole egandaywa yiloli elithutha umoba emva kokuzama ukuwuhosha.

Kulesi sigameko esishiye umphakathi wakule ndawo uthuthumela kushone uKhanyisile Mthembu (8) obefunda uGrade 1 eMhlathuze Primary okuvela ukuthi upitshizwe amasondo amane eloli elithutha umoba.

UKhanyisile kuthiwa ubezama ukuhosha umoba kuleli loli elidume ngohomu ehamba nabangani bakhe kodwa yena wadonswa umoya wangena ngaphansi kwalo wase epitshizeka ngenxa yendlela ebelihamba ngayo.

Abazibonela isidumbu sikaKhanyisile bathi amehlo namathumbu bekungaphandle, eqhume nekhanda ubuchopho busaphazeke emhlabathini.

*Isolezwe* lifika endaweni yesehlakalo lizithela phezu kwenqwaba yabantu ebime izixongololo ibabaza indlela enesihluku ashone ngayo uKhanyisile.

Leli phephandaba lizibonele kucoshwa izingcucu zekhanda likamufi okuthungathwe esikhotheni esiseduze komgwaqo owubhuqu.

Okukhalisa amalungu omphakathi kakhulu wukuthi lo mkhuba wokuhosha umoba kula maloli kudlangile futhi kukhonzwe yizingane ezisencane.

Endlini obekuhleli kuyo unina kamufi isililo besiqhuma phezulu ezwakala ebalisa ngengane yakhe ngesikhathi echazela okwenzekile amalungu omndeni nomphakathi abezomduduza.

Umshayeli weloli wavinjwa wumphakathi eseseDephu, okuyindawo engamakhilomitha ayisikhombisa ukukalekisa, kuthiwa wathuka ngesikhathi etshelwa ukuthi iloli lakhe libulele ingane ebukeka njengomuntu okwakuduma upotiyane kuye.

*Isolezwe* lithole ukuthi ubenqikaza ngisho ukuya endaweni yesehlakalo ezitshela ukuthi umphakathi uzomjezisa kodwa wagcina ezidele amathambo wanikela khona.

Okhulumela amaphoyisa KwaZulu-Natal, uCaptain Thulani Zwane usiqinisekisile lesi sigameko.

(10)

**ISIQEPHU C: uhlelo**

4.Tomula ibizo elilodwa endabeni **ekusiqephu A,1** elikulesi sigaba bese ulisebenzisa emshweni wakho.Umusho ube namagama amahlanu futhi ungahambisani nendaba.

4.1.isigaba 6 (2)
4.2. isigaba 7 (2)
4.3.isigaba 9 (2)
4.4.isigaba 3 (2)

[8]

5.Sebenzisa lezi ziqu zesichasiso emishweni yakho.

5.1. –thathu (1)
5.2. –enu (1)
5.3. –qotho (1)
5.4.-dala (1)

[4]

6.Phinda ubhale phansi le misho elandelayo kodwa umusho uwuqale ngegama elidwetshelwe.

6.1. UBhekani wayephupha <u>amaphupho amabi</u> ngoyise. (1)
6.2.Indodana endala iqoba <u>inyama.</u> (1)
6.3. Izingane zesikolezikhuluma <u>izindaba</u> (1)

[3]

7.Funda isiqephu esilandelayo bese ulungisa amaphutha emagameni abhalwe ngokunzima
Iningi labantu liyathanda ukuvakashela**7.1.ebeach**.Basuke befuna **7.2.ukuyoswima,7.3.ngakhoke** bagqoka izimpahla ezifanelekile.**7.4.Lezizingubo** ngokuvama zijwayele ukuveza umzimba. [4]

**ISIQEPHU D: ukusetshenziswa kolimi**

8. Qedela le misho ngezenzukuthi ezifanele. Khetha kulezi: qwa,bhuqe,cwe
8.1.Kwaphela ugesi kwaba mnyama…… (1)
8.2. Izihlahla ziba luhlaza….. ehlobo (1)
8.3. Ebusika liyakhithika izintaba zibe mhlophe….. (1)

[3]

9.Bhala imisho <u>emibili</u> ngebizo ngalinye ukuze kuvele izincazelo zalo ezahlukene.
9.1.inyanga (2)
9.2. ithanga (2)
9.3. abathakathi (2)

[6]

10.Abakwabani esibathakazela sithi:
10.1. Msholozi (1)
10.2. Mabhodla (1)
10.3 . Khabazela (1)[3]

11.Bhala igama elilodwa esikhundleni salawo adwetshelwe emshweni.

11.1. UMbambo welapha abantu ngamakhambi esintu. (1)
11.2. UZanele akasenabo abazali. (1)
11.3.Udadewabo kababa wami uyangithanda. (1)
11.4.Le ngane iyona yodwa ingane kubo. (1)
[4]

**ISAMBA SESISONKE: 80**